NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2024

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA I
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-3 Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Amakhasi aleli phepha ayi-15. Qinisekisa ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu **EZINE**, isiqephu **A**, **B**, **C** kanye no-**D**. Bhekisisa ukuthi nelakho linazo zonke iziqephu.
3. Qala isiqephu **EKHASINI ELISHA**. Uvumelekile ukuqala nganoma yisiphi isiqephu osithandayo kodwa usiqede ungaxubanisi imibuzo yesiqephu.
4. Bhala izinombolo zemibuzo zibe njengoba zibhalwe ephepheni lemibuzo.
5. Fundisisa yonke imibuzo kahle ngaphambi kokuyiphendula.
6. Ungabhali lutho ngale kwemajini. Shiya imigqa emibili njalo emuva kombuzo.
7. Bhala ngesandla esicacile, esifundekayo futhi umsebenzi wakho uhleleke kahle ngobunono.

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU A UKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Funda incwadi elandelayo bese uphendula imibuzo.

Intuthuko Nemfundo Emaphandleni

Kwadinga Store
Private Bag X 40
Umsinga
3010
17 Masingana 2024

Philisiwe

Ngaze ngajabula mzala ukuthi sewuzohlala nathi nogogo lapha kwaNodumoyi. Okumnandi kakhulu ukuthi sizofunda ibanga elilodwa nawe. Ngakho-ke sizolekelelana ngezifundo zethu.

Ngifuna ukukuqaphelisa nokho ukuthi kuzoba nzima njengoba ukhulele edolobheni impilo yakho yonke nje. Phela lapha kukwanjayiphume intuthuko iyagqoza. Uzothi uqambe uya esikoleni ube sewukhe amanzi emfuleni, kodwa ungethuki, uzojwayela. Ngiyazi ukuthi nina lapho nihlushwa ukucimakonga thina ngapha kuseyingqinamba ngisho ukuthi uhulumeni asifakele ugesi kwezinye izikole. Usuyazibonela-ke nawe ungengane ukuthi izikole zikahulumeni ezindaweni zasemaphandleni azinayo intuthuko le oyijwayele wena lapho edolobheni. Yingakho kufanele sifunde siqinise ukuze silethe ushintsho endaweni yangakithi.

Ngenxa yalokhu, izikole eziningi zintula izinsiza ezidingekayo njengengqalasizinda eyisisekelo yokukhucululwa kwendle, amanzi, imigwaqo, ezokuthutha, ugesi, kanye nobuchwepheshe bolwazi nokuxhumana. Ngisho isimo senhlalo nomnotho sabazali ezindaweni zasemakhaya sibeka abafundi esimeni esingesihle. Abazali basemaphandleni aseNingizimu Afrika, iningi labo lenza imisebenzi ephansi ngoba kwasabona banezinga eliphansi lemfundo, futhi ngokuvamile abakunaki ukubaluleka kangakho kwesikole.

Ngakho-ke, laba bazali abakwazi ukukhokhela ezinye izidingongqangi ezidingwa ngothisha bese lokhu kuba nomthelela omubi ekufundiseni nasekufundeni kulezo zikole. Othisha basezikoleni zasemaphandleni babhekana nezinselelo eziningi ezinzima. Izingane eziningi azizi njalo esikoleni njengoba ezinye ziphoqeleka ukuthi zibuye zisebenze emapulazini aseduze nendawo yakwaNodumoyi ukuze zenze amasentshana futhi akekho nozikhuthazayo ukuthi ziye esikoleni. Inkinga enkulu kakhulu abafundi bavame ukuthola ukuthi uhlelo lokufunda nokufundisa (ikharikhulamu) ayihambisani nempilo yabo yansuku zonke ngoba okuningi bagcina ngokukufunda ezincwadini futhi bathole ukuthi ukufunda kwabo akusekelwa nasemakhaya.

Ngenxa yemigwaqo emibi nokusweleka kwezokuthutha ukuhamba kukathisha evakashela udokotela, noma eyolanda iholo lakhe kuba nemithelela emibi. Lokhu kungenxa yokuthi akakwazi ukuhamba abuye ngokushesha. Lokhu kwenza uthisha angabibikho esikoleni usuku lonke futhi kulahleka isikhathi sokufundisa. Usuyabona-ke ukuthi kwazincwadi kuwumqansa ukuthi zilethwe ezikoleni zethu.

IEB Copyright © 2024

Kukhona izikole nje oze ucabange ukuthi uhulumeni wazikhohlwa kudala ngenxa yesimo sazo. Emagumbini okufundela, phansi kugcwele izimbobo, uphahla nosilingi kubhodlokile, uma lina uphahla luyavuza. Amafasitela aphukile futhi amanye amagumbi okufundela anezicabha ezingakhiyeki. Izincwadi zokufunda zidinga ukudluliselwa emakilasini ambalwa angakhiywa, njalo ekuseni, bese kudla isikhathi sokuqala kwesifundo. Nakho-ke nje ukuthi zimbalwa izikole ezibiyelwe, kwenza kube lula ukuthi izigebengu zingene zicekele phansi isikole.

Cha-ke kodwa mzala angiqonde kukwethusa. Kukhona nokunye okuningi okuhle. Umphakathi wonke wasemakhaya usondelene futhi uyezwana ngakho kuyasizwana kakhulu. Akulula ukuthi izingane zigange njengoba abazali bazana futhi bebhekelelana. Lokhu kwenza izinga lenhlonipho libe likhulu kubantwana ngoba kuyabanjiswana, akudlulwa ngendlu yakhiwa; wonke umuntu uphonsa itshe esivivaneni kukhuliswe umntwana.

Ayimininingi imikhuba yezidakamizwa ngoba namagigi (amaphathi) lawa athandwa yintsha yasemadolobheni ambalwa impela. Kuvame nje amacece, imemulo nokunye lapho intsha yasemakhaya ezithokozisa khona ngendlamu nokunye. Ukulandela amasiko kuhamba phambili ngoba wonke umuntu ukhula ngawo ngisho nothisha bethu imbala. Ingcindezi, izinto ezingavamile impela entsheni yasemaphandleni ngoba abafundi ababaningi kakhulu emakilasini ngakho othisha bayabazi ubuthaka namava ethu. Kuyasingathwana lapha. Inkinga yengane kamakhelwane iba yinkinga yomphakathi. Wena mzala ngizocela uqoqe lonke ulwazi lokuthi singangena kanjani emanyuvesi kanye nokutholakala kwemifundaze ngoba phela nalabo abaphase ngamalengiso bagcina beyimiquba emakhaya.

Mzala ngiyazi kuthiwa **intandane enhle ngumakhothwa ngunina** kodwa okwakho kunzima kakhulu njengoba ushiywe ngabazali bakho bobabili wasala dengwane. Uzobona-ke kodwa ukuthi ayikho intandane endaweni yasemakhaya futhi uzozizwa **uphakathi komhlane nembeleko**. Abeluleki bezengqondo bathi kuyasiza ukusuka endaweni ezolokhu ikukhumbuza izigameko ezingemnandi ngempilo yakho. Mhlwawumbe nje lobu buhle bakho bungenza ukuthi ugcine ugane inkosi yendawo, ube ngundlunkulu wesizwe. Hhayi ungethuki mzala ngiyazincokolela bo. Usemncane kabi wena ukuthi ungashiya isikole uyogana uMbadada Zuma. Lapha kuwena sibheke ukuthi kuphume uqweqwe lukadokotela ozoba ngowokuqala kwaNodumoyi ngoba phela bayentuleka odokotela lapha ngakithi kuze kudingeke sigibele siye eMgungundlovana.

Sizokuhlangabeza-ke esitobhini oGodweni uma sewufika ngebhasi lehora lesine.

Yimina umzala wakho
uNonto

[Indaba yokuziqambela]

1.1.1 Esiqeshini esingenhla bhala phansi igama elichaza lokhu okulandelayo:

(a) isimo sentuthuko endaweni yakwaNodumoyi.

(b) yisikhathi sokuqala konyaka. (2)

1.1.2 Ngokwendaba akuzona zonke izikole ezinenkinga kagesi. Caphuna umusho encwadini ofakazela lesi sitatimende. (1)

1.1.3 Chaza umehluko phakathi kwengqalasizinda nesidingongqangi. (2)

1.1.4 Hlaziya ngokuhlolisisa imizwa kaPhilisiwe ezolethwa wukuthola le ncwadi evela kumzala wakhe. (3)

1.1.5 Sebenzisa incazelo yesimo sokukhuluma, '**ukuba phakathi komhlane nembeleko**' uchaze ngesimo azokuba kuso uPhilisiwe esekwaNodumoyi. (2)

1.1.6 Phawula imithelela emithathu engadalwa yisimo sezikole kule ndawo emfundweni yabantwana. (3)

1.1.7 Intsha yasemaphandleni iphila impilo ekhululekile nenobungozi obuncane kunentsha yasedolobheni. Nikeza izizathu ezimbili ezidala lokhu. (2)

1.1.8 Yisho ukuthi isitatimende ngasinye ngezansi **singumbono** noma **siyiqiniso** yini. Sekela impendulo yakho.

(a) Umphakathi wonke wasemakhaya usondelene futhi uyezwana ngakho kuyasizwana kakhulu. (2)

(b) ... kuyasiza ukusuka endaweni ezolokhu ikukhumbuza izigameko ezingemnandi ngempilo yakho. (2)

1.1.9 Yisho ukuthi ngumuntu onjani obizwa ngondlunkulu. (1)
[20]

IEB Copyright © 2024

1.2 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.



[Sibolekwe ku-wikihow]

1.2.1 Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esithi, 'likhipha umkhovu etsheni' sinikeza muphi umqondo ngendlela azizwa ngayo lo mfundi. (1)

1.2.2 Yikuphi okubili ocabanga ukuthi kungenziwa nguMemu Langa ukwenza isimo sokufunda nokufundisa sibe lula kuleli kilasi? (2)

1.2.3 Ngokubona kwakho uMemu Langa kufanele yini agxekwe kangaka ngabafundi bakhe? Sekela impendulo yakho. (2)
[5]

Amamaki angama-25

ISIQEPHU B UKUFINGQA

UMBUZO 2

IMIYALELO

1. Fingqa lesi siqephu ngamagama akho angama-70 kuya kwangama-80.
2. Fingqa kube yisigatshana kodwa amaphuzu agqame abe mahlanu.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma ufingqa.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

Ubuhle Nobubi Benqubo Okuthiwa yi-*globalisation* eNingizimu Afrika

I-*globalisation* inqubo yokusabalalisa ushintsho kwezobuchwepheshe, umbusazwe, umnotho emhlabeni wonke jikelele. Iyehlukana imibono yabantu mayelana nomthelela wale nqubo ezweni laseNingizimu Afrika.

Abantu abathi ngcingci kaMdoli ngale nqubo bayayibona intuthuko kwezobuchwepheshe. Amakhompyutha, omakhalekhukhwini ne-*Internet* kulethe uguquko olukhulu emhlabeni wezokuxhumana. Sekulula ukuxhumana namanye amazwe. Sekusungulwe izikhondlakhondla zezinkampani ezinkulu ezinamagatsha asabalele umhlaba wonke. Lezi zikhondlakhondla zihamba phambili emikhiqizweni yamakhompyutha nomakhalekhukhwini.

Abayigxekayo le nqubo, babona kudlondlobala izinga lobugebengu emhlabeni jikelele. Izigilamkhuba sezibaleka kalula ziyocasha kwamanye amazwe. Buka nje laba bashadikazi abasuka le eNgilandi bazobulalana lapha kwelakithi, namanje umsusi wodweshu akakajeziswa, kodwa ababemlekelela sebedonsa izigwebo zabo. Izinga lokwebiwa kwezimali ezinkulu lenyukile ngenxa yamakhompyutha, sekwaze kwanesisho esithi imali idliwe ikhompyutha. Abantu sebephenduke amaqili nogombela kwesakhe. Ayinqeni insizwa iyinhle ukuqola isalukazi esiziholela impesheni.

Ubuhle bale nqubo busekudlondlobaleni komnotho. Kunezikhondlakhondla zezinhlangano ezifana no-*United Nations*, i-*Commonwealth*, i-*European Union*, i-*World Bank* ne-*International Monetary Fund* ezenza izinqubomgomo ezithinta imali kohulumeni bamazwe. Ohulumeni bamazwe abakwazi ukuthatha izinqumo ngabodwana emazweni abo ezingawuthinti umhlaba wonke. Ngale ndlela imali iyongeka futhi inganothisi abambalwa.

Ububi bale nqubo ukuthi amazwe awalingani ngokomnotho. Amazwe ase-Afrika, e-Asia, naseSouth America abhekene nezinkinga zobubha nokungathuthuki. Singasho singananazi ukuthi amazwe angongxiwankulu lapha i-*United States*, i-*Europe* ne*Japani*. Amazwe adla izambane likapondo afana neChina nawo adla anonile kule nqubo. La mazwe ahlomula ama-80% ekudlondlobaleni komnotho nobuchwepheshe. Lokhu kungalingani komnotho nokwabiwa kwawo kufaka ingcindezi emazweni asathuthuka.

Ubuhle bale nqubo kwezombusazwe ukuthi uma kukhona amazwe axabene, kungenelela umhlaba wonke ukuzama ukudala uxolo nokubuyisana. Emuva kweMpi yoMhlaba yesiBili kwasungulwa inhlangano ebizwa ngokuthi yi-*United Nations*, ukuze itolike bese isebenzisa umthetho wamazwe ukuxazulula izingxabano zamazwe. Lokhu kugwema ukuqonelwa kwamazwe amancane ngamazwe anamandla. Amazwe amancane angakhosela kule nqubo khona ezothola ukuvikeleka ezikhondlakhondleni ezingogombela kwesakhe. Nokho kukhona ukushaya amakhala uma ubona ukuhluleka ukuxazulula izimpi eziqhubekayo njengoba sikhuluma.

IEB Copyright © 2024

Kulo mzabalazo wobumbano kwezombusazwe umhlaba ubhekene nengozi enkulu yokuqonelwa kwamazwe amancane ngamazwe anamandla. Ukungalingani kwamazwe asemhlabeni kwenza amazwe anamandla afake ingcindezi kumazwe angenamandla nasathuthuka, awaphoqelele ukuthi enze okuthandwa yiwo. Ukuhlaselwa kwe-Afghanistan ne-Iraq ngamazwe ase-United States neBhrithani kuyisibonelo sesihluku esenziwa ukungalingani kwamandla kwezombusazwe kulo mhlab' uhlangene.
Bekuyoba ngcono ukuthi izwe belizikhethela ukuthi liyafuna noma qha ukungena kulo mhlab' uhlangene, manje akukho ukukhetha. Sekuyikho nje ukuthi iNingizimu Afrika icabange izindlela ezizokwenza ukuthi ingasabela kanjani kule nqubo ngendlela ezoyithuthukisa. Kufanele icabange amasu okuthi nakuba inamandla amancane kodwa ikwazi ukuvikela lokho okungamagugu kuyo. Lokho ingakwenza ngokusebenzisana namanye amazwe amancane.

[Ithathwe ebhukwini: *Umhlahlandlela olula wokuhlela kokuhlolwa*, ikhasi 62]

Uzomakwa kanje:
Amaphuzu amahlanu = 5
Amagama omfundi = 3
Ukubhala isigatshana = 1
Inani lamagama = 1

Amamaki ayi-10

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU C IZINKONDLO

UMBUZO 3

INKONDLO ENGAFUNDWANGA EKILASINI

3.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

PHOFUKAZI LAKWETHU

Ntokazi yakwethu,
Mbali yakwethu,
Uma ngising' amehl' akho,
Ngibon' ukugqama kwawo,
Ngibon' umusa nothando,
Zehla mihli … kwawami.

Ntokazi yakwethu,
Langa lakwethu,
Uma ngising' ubuso bakho,
Obukhanya kuhle kwelanga,
Ngixhopheke ngikhophoze,
Kufik' inzululwane kimina.

Ntokazi yakwethu,
Gugu lesizwe,
Ubuso bakh' obosana,
Umzimba wakho yigatsha,
Ibala lakho yilanga,
Ikhala lakh' elephumalimi.

Ntokazi yakwethu,
Gqishazela mgqishazeli,
Shakuzela mshakuzeli,
Nyathela ngomgqumokazi.
Kuthakas' oTholakele,
Kuhlunam' oHlunamile.

[Icashunwe encwadini, *Ukungenisa KoMngeni*: ikhasi le-5]

IEB Copyright © 2024

3.1.1 Caphuna impindwa bese uchaza ukuthi iwulolonga kanjani umqondo wenkondlo. (1)

3.1.2 Hlaziya umthelela odalwa wukuvaleka kwayo yonke imigqa yale nkondlo. (2)

3.1.3 Chaza ukuthi iyini inhloso yembongi ngokusebenzisa ukuxhumana emgqeni we-1 kuya kowe-2. (2)

3.1.4 Ngokubona kwakho, chaza ukuthi imbongi ibusingelani ubuso bale ntokazi. (1)

3.1.5 Cacisa umqondo omumethwe yila magama:

(a) Ukuthakasa (1)

(b) Ngikhophoze (1)

3.1.6 Hlaziya ukuthi ukusetshenziswa kwenzwa emgqeni we-11 kuyithinta kanjani indikimba yenkondlo. (2)
[10]

IZINKONDLO EZIFUNDIWE EKILASINI

3.2 Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

NDODAKAZI YAMI: E.J. Mahlangu

Ngiyabuka ngithokoze,
Ngizwe uthotholwane lugubhazela,
Kugobhoz' umfula wezifiso ezinhle,
Kuqhakamb' imisebe yezilokoth' ezinhle,
Ngithi emhlophe indlela!

Sengath' amehlo akho,
Angaqhakazel' emadlelweni aluhlaza,
Sengath' izinyawo zakho,
Zingahlamb' emfulen' ompompoza
Izithelo zonwele olude!

Sengath' izindlebe zakho,
Zingaba ngumphongolo
Oyogcin' amanzi okuphila,
Sengathi inhliziyo yakho
Ingaba yisigodlo selihle kakhulu!

Ndodakazi yami:
Lesi sibani osiphetheyo namuhla
Masibe ngumgogodla wempumelelo yakho,
Masibe yinqaba yokuphephela kwesizwe,
Phel' ingwe idla ngamabala!

Ndodakazi yami:
Kulo mhlab' ohlabayo,
Awohamb' ukheth' amabala.
Yizithukuthuku zakho
Eziyimpumelelo yekusasa lakho!

Awokwazi-ke ndodakazi,
Inkonyan' ikhethwa kusakhanya,
Ngob' induk' elikhuni ima esiweni!
Thin' okwethu ukukufukula ngalamandlan' asasele,
Wen' okwakh' ukuzabalazela isiqongo sezintaba,
Laph' ikusasa lakho likhona!

IEB Copyright © 2024

3.2.1 Cubungula ikhono lembongi lokuqhathanisa indlebe nomphongolo esitanzeni sesi-3 kule nkondlo. (2)

3.2.2 Gagula uhlobo lwesifenqo esitholakala emgqeni we-15 bese uchaza incazelo yaso ngokwenkondlo. (2)

3.2.3 Hluza uveze ukuthi amagama asestshenziswe yimbongi aveza muphi umoya wenkondlo. (2)

3.2.4 Hlaziya okuqondwe yimbongi ngemigqa yama-27 nowama-28. (2)

3.2.5 Hlaziya ukuthi umfanekisomqondo emgqeni wama-30 uwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo. (2)

[10]

3.3 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

LE NKOMAZI YAKWETHU: E.J. Mhlanga

1 **Nondlini** wakwethu ngiyabonga,
2 Ngibong' ubisi **oluqhilika** kuleyo mibele,
3 Yek' ukugwansa kwensengwakazi yakwethu.
4 Okweguqa lithath' ubunkunzi ngiyakhwibisha,
5 Ngihlab' usentu okovava luthelwe ngezibonkolo,
6 Bengiyoba yini kodwa ngaphandle kwalolu bisi,
7 Kwanamuhla engisalubona luchichim' ukuphila,
8 Kwamany' amathole luthi co! co! co!
9 Kepha kuwena lusagwansile,
10 Kusakle**z**a ne**z**i**z**ukulwane **z**akho.
11 Hhawu nondlini wakwethu lungaze lwephuse,
12 Zingakabuyi inhlazane sezibuyel' umphehlu,
13 Luselude ukhalo udedangendlale,
14 Ngalolu bisi usungiph' isibindi sokuludabula ngingedwa!

3.3.1 Cacisa inhloso yembongi ekusebenziseni igama Nondlini esikhundleni senkomazi. (1)

3.3.2 Phawula ngomqondo ogqanyiswa yigama eligqamile emgqeni wesi-2. (2)

3.3.3 Chaza umthelela olethwa wukufakwa kwesenzukuthi emgqeni wesi-8. (2)

3.3.4 Gagula uhlobo lwefanamsindo etholakala emgqeni we-10 bese usho nomsebenzi walo. (2)

3.3.5 Hluza ngamaphuzu AMATHATHU umqondo oqukethwe yile nkondlo. (3)

[10]

Amamaki angama-30

ISIQEPHU D

UMBUZO 4

4.1 Funda lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

> Kunezinyembezi ezikhalwa ngamadoda wodwa ebumnyameni ezikhalela ngaphakathi ngoba asaba ukuthi sizowezwa. Angithi atshelwa esemancane ukuthi indoda **ayikhali** manje ayesaba ukuphumela obala ngezinsizi zawo. Awakwazi ukuthola usizo ngakho agcina engumtshingo ubethwa **ngubani**. **Angaze** aphenduke izilwane enze izinto ngendlunzula ngenxa yokuthi ahlale evalele ubuhlungu ngaphakathi.

4.1.1 Guqula igama, 'ebumnyameni' libe yibizo bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona. (2)

4.1.2 **Umuntu** kufanele abe nozwelo njalo ukuze angabonakalisi ukuthi akazwelani namadoda.

Phinda ubhale umusho ongenhla usebenzise ibizo '**ljaji**' njengenhloko yomusho esikhundleni sebizo '**umuntu**' bese ulungisa nezivumelwano. (2)

4.1.3 Gagula ukuthi igama ngalinye elibhalwe ngokugqamile ngezansi lilucezu luni lwenkulumo nokuthi uyini umsebenzi walo emshweni.

(a) Amadoda atshelwa ukuthi indoda **ayikhali**. (1)

(b) Angazi ngizoba wumtshingo ubethwa **ngubani**. (1)

(c) Laba bantu izinto bazenza **ngendluzula**. (1)

4.1.4 Phinda ubhale umusho ongenzansi ukhombise ukuphika.

Amadoda amaningi asebenzisa indlunzula. (1)

4.1.5 Guqula lo musho oyinkulumo-ngqo ube yinkulumo-mbiko.

Mina ngatshelwa ngisemncane ukuthi ngingakhali ngoba ngiyindoda.

Qala ngamagama:

USobahle uthi ... (2)
[10]

IEB Copyright © 2024

4.2 Bhekisisa isithombe, ufunde namazwi abhaliwe ukuze uphendule imibuzo ezolandela.



[Sibolekwe ku:https://lifeinz.wordpress.com/wp]

4.2.1 Nika incazelo yegama: **ububha**. (1)

4.2.2 'Zijikile izinto.' Hlaziya izinto ezimbili ezijikile kokujwayelekile lapha. (2)

4.2.3 Hlaziya ukuthi kuzokwenzeka yini ukuthi isifiso sikamama kaLindiwe sifezeke. Sekela impendulo yakho. (2)

4.2.4 Yakha owakho umusho ongafani nasesithombeni, ususebenzise lesi simo sokukhuluma: **Kusiniswa amahleza**. (1)

4.2.5 Igama 'uyangifukuzisa' linikeza muphi umqondo ngendlela azizwa ngayo uSophie? Chaza. (1)

4.2.6 Tomula amagama abonisa ukuthi uSophie akamlaleli uMadam. (1)
[8]

4.3 Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo elandelayo.



[Sibolekwe ku: *ILANGA* 1 February 2024]

4.3.1 Chaza ukuthi yini ekhangiswayo lapha. (1)

4.3.2 Chaza umthelela wesu lokusebenzisa amagama anosayizi abehlukene kulesi sikhangisi. (2)

4.3.3 Chaza ukuthi isu lokufaka amazwi athi 'ayisekho i-*internet café*' anamuphi umthelela kulesi sikhangisi. (1)

4.3.4 Veza umbono wakho ngokusetshenziswa kwezinkampani ezidumile zezokuxhumana kulesi sikhangisi nokuthi kuzoba namthelela muni kulokhu okukhangiswayo. (2)

4.3.5 Phawula ngokuhambisana kwezithombe ezisetshenziswe nohlobo lomncintiswano ongenelwayo. (1)
[7]

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 5

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese ulungisa ubhalomagama olungabhalekanga kahle ngokusebenzisa izimpawu zokuloba nosonhlamvukazi ezindaweni ezifanele.

siyaqala ukubona umshado omkhulu kangaka endaweni yangakithi umndeni wakwamkhize uthokozile ngokuthola unomonde Mhlaba azoba ngumakoti wabo. Phela muhle umuntu lo futhi ubefunwa izinsizwa eziningi lapha ebethamoya. Zonke zifuna ukuthandana nodkt Mhlaba. Ngeke ngiphinde ngiwukhohlwe umhlaka 14 Nhlolanja ngoba simthandile lomakoti.

[10]

Amamaki angama-35

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2024